Izwi lakho. Umphakathi wakho. Amandla akho.

UCHUNGECHUNGE LWEZINCWAJANA ZOLWAZI ZOHULUMENI BASEKHAYA

Amakhansela Kamasipala

MUNICIPAL COUNCILLORS



MY MUNICIPALITY
compact
PARTICIPATE
PLAN
ACCOUNT

Le ncwajana ihlinzeka ngolwazi mayelana nohulumeni basekhaya eNingizimu Afrika.

Omasipala babaluleke kakhulu futhi bahlinzeka ngezinsizakalo ezenza ukuthi sikwazi ukuphila impilo enesithunzi futhi sihlale singumqemane.

Amakhansela kamasipala ngamalungu omphakathi akhethelwa ukumela izidingo zomphakathi wendawo emkhandlwini kamasipala. Amakhansela **akhethwa njalo emuva kweminyaka emihlanu okhethweni lohulumeni basekhaya njengengxenye yeqembu lezepolitiki noma njengabangeneli-khetho abazimele.** Agunyaza imithetho nezinhlelo, futhi aqaphe ukusebenza kukamasipala. Amanye amakhansela aqokwa njengobuholi bezepolitiki bukamasipala, isib. njengosodolobha (imeya) noma usomlomo.

Amakhansela akhethwa ngenkathi kubanjwe ukhetho lohulumeni basekhaya njalo emuva kweminyaka emihlanu. Qinisekisa ukuthi ubhalisile esifundeni sokuvota ohlala kusona ukuze ube sohlwini lwabavoti!

Izinhlobo zamakhansela

Kunezinhlobo ezimbili ezahlukene zamakhansela.

- **Amakhansela ezigceme ngabantu abakhethwa ngqo ngabahlali ukuba bamele labo abahlala ezindaweni ezaziwa njengezigceme (amawadi).** Umngeneli-khetho othole amavoti amaningi kunawo wonke kuleso sigceme uba yikhansela. Amakhansela ezigceme kulindeleke ukuba asekele izimfundo-sidingo zezigceme zawo, kungakhathalekile ukuthi angamalungu aliphi iqembu lezepolitiki. Amakhansela ezigceme akuphoqelekile ukuthi abe ngamalungu eqembu lezepolitiki futhi angaba ngamakhansela azimele ngokwawo.
- **Uhlobo lwamakhansela olwabelwa izihlalo ngokwenani lamavoti elitholwe yiqembu elithile okhethweni (proportional representation [PR] councillors)** lona lukhethwa ngendlela ehlukile kumakhansela ezigceme. **Abahlali bavotela iqembu lezepolitiki bese kuthi iqembu lelo labelwe inani elithile lezihlalo emkhandlwini, ezilingana nesibalo samavoti atholwe yiqembu lelo esibalweni sawo wonke amavoti abalilwe.** Lokhu kubizwa **ngokumeleka kwamaqembu ngokwesibalo esiphelele samavoti awathole okhethweni,** phecelezi**, i-proportional representation. Amaqembu ezepolitiki abaqoka ngokuhambisana neyawo imithetho kanye nezinto azibeke eqhulwini abantu abazoba ngamakhansela.** Amaqembu ezepolitiki ahlanganisa uhlu lwalabo abangaba ngabameleli bawo, futhi inani lezihlalo ezitholwe yiqembu okhethweni zabelwa labo abasohlwini, kuqalwa ngalabo abaphezulu ohlwini. Ngenxa yalesi sizathu-ke, amakhansela e-PR aphendula kakhudlwana ngqo kubaholi bamaqembu abo, nakumalungu nabalandeli beqembu esikhundleni sokuphendula kubahlali.

Kubalulekile ukuthi uziqonde kahle izinjongo nezinqubomgomo zeqembu ngalinye ukuze ukwazi ukuthatha isinqumo sakho usunolwazi oluphelele lokuthi izimfuno-sidingo zeqembu elithile ziyahambisana yini nezidingo zomphakathi wakho.

Ubani ongaba yikhansela?

Noma ubani ohlala kumasipala othile lapho ebhalisele khona ukuvota uvumelekile ukungenela ukhetho njengekhansela. Ukuze afaneleke, umngeneli-khetho kumele:

- Abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esinomazisi osemthethweni
- Akwamukele ukuphakanyiswa kwegama lakhe futhi athumele amafomu adingekayo ku-IEC ngaphambi kosuku olungumnqamulajuqu wokuphakanyiswa kwamagama
- Athole amasiginesha abantu abangama-50 abafanelekile ukuvota kumasipala esebenzisa ifomu elihlinzekwe yi-IEC
- Akhokhe idiphozi (njengoba inqunywe yi-IEC; isamba esikhokhwayo sizoya ngokwesibalo esiphelele sabantu abakhele umasipala). Umngeneli-khetho uzobuyiselwa idiphozi ayikhokhile emuva kokhetho uma ethole ama-10% noma ngaphezulu kumavoti esewonke
- Umuntu ogwetshwe isigwebo esingaphezu kwezinyanga eziyi-12 ebhadle ejele ngaphandle kokunikezwa ithuba lokukhokha inhlawulo uma efuna, akavumelekile ukuba yikhansela kunoma yimuphi umasipala kuze kuphele isikhathi esiyiminyaka emihlanu kusukela egwetshiwe.

Yimiphi imisebenzi nezibopho ezisemthethweni zekhansela?

UMthethosisekelo kanye nemithetho yethu ilindele ukuthi ikhansela:

- **Libonisane** nomphakathi wendawo maqondana ngezidingo zawo nezinto eziseqhulwini kuwona kanye nokuthi kumele zihlinzekwe kanjani izinsizakalo (kubandakanya nokubamba imihlangano namakomidi ezigceme kanye nemiphakathi ukuze kunikezwe imbuyisambiko (feedback) noma izimpendulo)
- **Limele** izinto ezidala ukukhathazeka emphakathini ezingxoxweni zomkhandlu kanye nasekuthathweni kwezinqumo
- **Lazise** umphakathi ngezinqumo zomkhandlu kanye nomsebenzi womkhandlu
- **Lengamele (liqaphe)** ukusebenza kukamasipala futhi liqinisekise ukuthi imali kamasipala isetshenziswa ngendlela efanele ukufezekisa kahle izimfuno-sidingo zomphakathi wendawo

Lokhu kusho ukuthi amakhansela kumele atholakale uma edingeka futhi asukumele phezulu lapho kufanelekile, futhi awubandakanye umphakathi ezinqubweni zomkhandlu zokuhlela nokuthatha izinqumo, asebenzise ivoti lawo kanye nezwi ukulwela ukufezekiswa kwezimfuno-sidingo zamaziko abavoti bawo.

Yimaphi amandla elinawo ikhansela?

Amandla amakhansela asemqoka kakhulu wubukhona bawo, izwi lawo kanye namalungelo awo okuvota emkhandlwini. Lokhu kuwanikeza amandla okuba negalelo elibonakalayo kwizinqubomgomo zikamasipala kanye nasekusetshenziswe kwezimali, ngokunjalo futhi nasemithethweni kamasipala elawula lokhu. Wonke amakhansela anelungelo lokwenza lokhu:

- Ukwethula uhlaka lomthetho kamasipala ohlongozwayo emkhandlwini.
- Ukuvotela noma ukuphikisa isiphakamiso esiphathelene nesinqumo/isinyathelo seziphathimandla noma esiphathelene nomthetho, kubandakanya isabelomali, i-IDP kanye nemithetho kamasipala.
- Ukwengeza ngokusemthethweni izindaba ezithile ku-ajenda yomkhandlu ukuqinisekisa ukuthi umkhandlu uyazidingida izindaba ezibalulekile emphakathini.
- Ukuphakamisa ukuthi amakomidi ahlale phansi abambe izigcawu zokulalelwa komphakathi noma avakashele emphakathini.
- Ukwenza iziphathimandla kanye nabasebenzi bakamasipala baphendule, ngokuthi abuze imibuzo, ethule iziphakamiso, noma enqabe ukugunyaza imibiko yonyaka.
- Ukuqinisekisa ukuthi izinqubomgomo zomkhandlu kanye nohlelo lukamasipala luyifakela izibuko imibono yemiphakathi yawo.

Okubaluleke kakhulu, amakhansela anelungelo lokukhuluma ngokukhululeka futhi ngeke ashushiswe mayelana nanoma yini ayishoyo emihlanganweni yomkhandlu. Lokhu kusemqoka ngoba kusho ukuthi angaludalula ulwazi olungavundulula inkohlakalo luyibeke obala, nakuba lolo kuwulwazi olutholakale ngokungemthetho. Futhi kusho ukuthi ngeke amangalelwe mayelana necala lokuhlambalaza.

Imigomo Yokuziphatha Yamakhansela

Amakhansela anesibopho sokuthobela Imigomo Yokuziphatha Yamakhansela esungulwe kuzwelonke (etholakala kuMthetho Wezinhlaka Zomasipala), ngokunjalo futhi athobele nemithetho ebekwe ngumasipala ngamunye kanye namaqembu ezepolitiki awo. Umasipala ngamunye kumele ube neyawo imithetho nezinqubomgomo maqondana nendima kanye nezibopho zamakhansela, izinhlaka zepolitiki kanye nabasebenzi.

AMAKHASELA KUMELE:

- Enze umsebenzi wawo ngokungachemi, ngobuqotho, ngokusebenzela obala futhi ngendlela ezohlomulisa ngokuphelele umasipala (kubandakanya nomphakathi).
- Abikele imiphakathi yawo okungenani amahlandla amane ngonyaka ngokusebenza kukamasipala.
- Adalule zonke izintshisekelo zawo zezimali ngokubhalela umphathi kamasipala kungakapheli izinsuku ezingama-60 ekhethiwe. Lokhu kubandakanya noma yiluphi uhlobo lotshalomali, impahla, izibonelelo, izimpesheni kanye noxhaso (lokhu kumele kubuyekezwe minyaka yonke ukuze kufakwe ulwazi lwakamuva).
- Adalule imininingwane ephelele yanoma yimiphi imihlomulo ezotholwa yiwona noma ezotholwa yimindeni yawo ezinkontilekeni ezisayinwe noma ezizosayinwa nomasipala (Lokhu kumele kwenziwe emhlanganweni wokuqala womkhandlu, lapho kunokwenzeka).

Uma ufuna ukufunda mayelana nokuthi yini ongayenza ukuqinisekisa ukuthi amakhansela ayaphendula ngemisebenzi yawo, bheka isigaba 4.1 somhlahlandlela i-COMPACT *Working Towards Collaborative Local Government*.

AMAKHASELA AKUMELE:

- Abambe iqhaza kunoma yimiphi imihlangano lapho kubhungwa khona ngodaba lapho kunokungqubuzana kwezimfuno (conflict of interest).
- Abe nanoma yimuphi umsebenzi okhokhelwayo ngaphandle kwemvume yomkhandlu (lokhu kuqondene kuphela namakhansela asebenza njengamakhansela ngokugcwele).
- Angabi khona emihlanganweni yomkhandlu noma yekomidi emithathu noma ngaphezulu ilandelana, lapho bekudingeka ukuthi abe khona, uma ehluleka kumele ayekiswe ukuba amakhansela.
- Amukele izipho noma imihlomulo evela enkampanini ehlinzeka ngomsebenzi othile kumasipala.
- Abambe iqhaza, noma abukele imihlangano lapho kuthathwa khona izinqumo futhi kwenziwa izinkontileka.
- Ahlomule kwizinkontileka ezinikezwe ngumbuso, kungakhathalekile ukuthi lokhu akwenza ngokusebenzisa inkampani noma akwenza njengabeluleki.
- Amukele noma yimiphi imivuzo, imihlomulo yezimali, izipho noma okuthile okuwusizo kuwona noma kunoma yimuphi omunye umuntu, ngenxa yokudalula ulwazi lomkhandlu oluyimfihlo, ukuvota/ukungavoti ngendlela ethile, noma ukunxusa umkhandlu ukuthi uthathe izinqumo ezithile.
- Akhuthaze izisebenzi zikamasipala ukuba ziphule umthetho noma zingakuphoqeleli ukuthotshelwa komthetho. Lokhu kuyicala elibomvu.
- Enze imizamo yokufaka umoya othile mayelana nokuthathwa kwanoma yisiphi isinqumo sikamasipala esihlobene nokuphathwa kwezimali noma izinqubo zokuthengwa kwempahla nezinsizakalo. Lokhu kuyicala elibomvu.

Indlela angasebenzisana ngayo amakhansela ezigceme nemiphakathi

Imihlangano yamakomidi kumele ivuleleke emphakathini. Wucindezele umasipala wakho ukuthi wenze izinhlelo zokuthi abantu bakwazi ukwethamela imihlangano mathupha noma bayibukele ngenye indlela ukuze bazibonele okwenzekayo.

Ziningi izindlela amakhansela (ngokuhlanganyela namakomidi ezigceme zawo) angasebenzisana ngazo nabahlali kanye
nemiphakathi ukuthuthukisa izindawo azakhele:

NGOKUBEKA EQHULWINI EZOKUXHUMANA, UKUSEBENZELA OBALA KANYE NOKUPHENDULA NGEMISEBENZI YAWO

Ukuxhumana nemiphakathi kumele kuqhubeke unyaka wonke, kwenziwe ngezilimi abaziqondayo abantu futhi kumele kukhuthaze ukusebenza ngendlela esobala kanye nobuqotho. Lokhu kungenziwa ngokusebenzisa:

- Imihlangano yomkhandlu ebanjelwa emphakathini
- Imihlangano yomphakathi kanye nezimbizo
- Izinkundla zokuxhumana kanye newebhusayithi kamasipala
- Izincwajana zezindaba, amapheshana olwazi asatshaliswayo kanye nezincwajana eziqukethe ulwazi
- Indlela yokukhalaza ngokugqoza kwezinsizakalo

NGOKWESEKA AMAKOMIDI EZIGCEME

Amakomidi ezigceme akhiwe ngamalungu omphakathi kanye nekhansela. Asungulelwe ukubhekana nezinkinga ezikhona endaweni bese ehlinzeka ngezincomo emkhandlwini kamasipala. Amakhansela angawakhuthaza amakomidi ezigceme ngokwenza lokhu:

- Ngokuwahlinzeka ngokwesekwa okwanele kanye nezinsizakusebenza
- Ngokufezekisa lokho okushiwo emibikweni yamakomidi ezigceme kusetshenziswa ihhovisi likasomlomo, amakomidi kanye nomkhandlu, kanye nokubhekana ngqo nezinkinga zomphakathi
- Ngokubamba imihlangano yamakomidi ezigceme njalo ukuqinisekisa ukufinyelela kwabantu olwazini
- Ngokulekelela ekuqapheni nokuhlola amaphrojekthi

NGOKUGQUGQUZELA IZINQUBO ZOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Ikhansela lidlala indima ebaluleke kakhulu ekugqugquzeleni nasekuholeni imisebenzi yokubamba iqhaza komphakathi kumasipala ngokuqhubeka konyaka, okuyimisebenzi enjengalena:

- **Izinqubo zoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelwe (IDP)** ukuze kwabelwane ngolwazi mayelana ne-IDP kanye nesabelomali sikamasipala
- **Ukubonisana** namalungu omphakathi ngesabelomali mayelana nezinto eziseqhulwini okuzosetshenziswa kuzona imali kanye nezidingo zokuhlinzekwa kwezinsiza

Amakhansela kumele asuse noma yiziphi izithiyo ezivimbela ukubamba iqhaza komphakathi futhi asebenzise izindlela eziqinisekisa ukubandakanywa komuntu wonke ezinjengokusebenzisa otolika, izinhlelo ezingomahamba nendlwana zokuvakashela imiphakathi ehlukahlukene kanye nemisakazo yomphakathi. Kumele zisekelwe izinhlelo ezithuthukisa ulwazi mayelana nokusetshenziswa kobuchwepheshe nobuxhakaxhaka besimanjemanje kubahlali.

NGOKUQALISA UKUSEBENZA KWEMIKLAMO YEZIGCEME NEYOMPHAKATHI

Amakhansela angahlanganyela emiklamweni kanye nezinhlelo, nezinhlangano ezisebenzela emphakathini kanye nezinhlangano ezingenzi nzuzo, abaholi bomphakathi, imikhandlu yezikole, amabhizinisi kanye nezinhlangano zezenkolo, ngokwenza lokhu:

- Imiklamo eyenziwa ngokuhlanganyela kanye nezinhlelo zamavolontiya ukuze kubhekwane nezidingo okumele zisukunyelwe ngokushesha isib. ukukhucululwa kwamapaki, ukuphuculwa kwengqalasizinda.
- Ngokuhlinzeka ukuqeqeshwa okuqondiswe kubaholi namalungu omphakathi maqondana nezinqubo zikamasipala, ukuphatha, kanye namakhono okugquguzela.
- Ngokubandakanya abantu abasha ekuphathweni kohulumeni basekhaya ngokusebenzisa izinhlelo zesikole, imikhandlu yentsha kanye nokuqeqeshelwa emsebenzini.

NGOKWAKHA IZITHANGAMI EZIBANJWA NGOKUHLANGANYELA

- Ngokusungula izithangami ezihlanganisa ndawonye ababambiqhaza abahlukahlukene ukuze kudingidwe futhi kuxazululwe izinkinga zendawo ngokubambisana.
- Amakhansela angahlela amaqembu azogxila ezinkingeni ezithile, ezinjengezindlu, amanzi kanye nokuthuthwa kwendle, lapho amakhansela nabahlali besebenzisana khona ukuthola izixazululo.

NGOKUGQUGQUZELA UKUGUQULWA KWENQUBOMGOMO

Imiphakathi namakhansela bangazabalaza ngokuhlanganyela belwela ukuba kuguqulwe inqubomgomo ngokwenza lokhu:

- Ngokugqugquzela ukulethwa kwezinguquko kwinqubomgomo, ezizohlomulisa umphakathi, lokhu kubandakanya izinguquko emithethweni kamasipala, kumazinga-silinganiso okuhlinzekwa kwezinsiza, noma ezinhlelweni zentuthuko.
- Ngokuthumela izincwadi zezikhalazo kanye nokwenza imikhankaso yokuqwashisa eveza obala izinkinga zomphakathi kanye nokushabashekela ukuthi umasipala abhukule athathe izinyathelo.

NGOKUKHUTHAZA UKUFUNDISWA KOMPHAKATHI

Ukufundiswa komphakathi yinqubo lapho izakhamuzi zifundiswa ngamalungelo azo, nezibopho kanye nendima okumele ziyidlale emphakathini wentando yeningi. Lokhu kungenziwa ngokusebenzisa izigcawu zokucobelelana ngolwazi, nemihlangano yokuqeqesha nokufundisa, futhi kwenziwe nangokwabelana ngezinsizakusebenza.

NGOKUQINISA UHLAKA LOKUPHENDULA

- Ngokubeka kucace bha izinqubo ezicacile zokubika izenzo zokungaziphathi kahle, kubandakanya nezinyathelo zokudlulisela izikhalazo namacala kubaphathi abaphezulu kanye nezinhlawulo. Ngokusungula imigudu efinyelelekayo yokubika izenzo zokungaziphathi kahle kanye nokufaka izikhalazo zomphakathi.
- Ngokwethula amathuluzi okuqapha nokuhlola ukusebenza, kanye nokwakha amathempulethi avamisiwe (standardised) emibiko yokusebenza yekota nekota. Ngokuchaza izinkomba ezikalekayo (ama-KPI) ezibonisa ukusebenza kwamakhansela ngendlela efanele, njengokwethamela kwawo imihlangano, ukuxhumana nokubonisana nomphakathi kanye nokusukumela phezulu uma umphakathi udinga usizo.
- Ngokuthuthukisa ukuqapha nokufakela izibuko ukusetshenziswa kwezimali ngokuthi kwamukelwe futhi kusetshenziswe isiqondiso semigomo eyisisekelo yokuphathwa kwezimali eqondene namakhansela.

MY MUNICIPALITY
compact
PARTICIPATE
PLAN
ACCOUNT

PARI PUBLIC AFFAIRS RESEARCH INSTITUTE

SOUTH AFRICAN LOCAL GOVERNMENT ASSOCIATION
SALGA
Inspiring service delivery

INTEGRITY ACTION

Co-funded by
the European Union

Iwebhusayithi: https://pari.org.za/compact
Twitter: @Compact_MyMunic
Facebook: Compact – My Municipality
I-imeyili: Girish Daya: girishd@pari.org.za
Winnie Manganye: wmanganye@salga.org.za